ISU LOKWENZA OHULUMENI BEZINDAWO BAKUSEBENZELE KANGCONO

Votela i-ANC

Impilo engcono kubantu bonke

ANC

ISIZULU

ISU LOKWENZA OHULUMENI BEZINDAWO BAKUSEBENZELE KANGCONO

Eminyakeni emihlanu selokhu abantu baseNingizimu Afrika bavotela imikhandlu yohulumeni basekhaya yokuqala ngqa engeyentando yeningi ngempela, nengabandlululi ngokobuhlanga, sisebenze ngokubambisana ukuthuthukisa izimpilo zabantu bemiphakathi egcwele lonke izwe lethu.

Okokuqala ngqa, imigwaqo yethu yafakwa itiyela namalambu; ugesi namanzi sekutholakala kangcono kakhulu kunakuqala; sekwakhiwe izindlu eziningi; sekuthuthukile ukuhlinzekwa kwemisebenzi ebalulekile yomphakathi efana nokuthuthwa kokungcola; sebebaningi manje abantu abayithola mahhala imisebenzi elusizo; sekwakhiwe ezinye izizinda ezintsha zemidlalo nezokuqeda isizungu; amahhovisi ohulumeni basekhaya asesebenza ngokubonakalayo ekufezeni izidingo zezakhamizi.

Kodwa-ke, kusekuningi kakhulu okudinga ukwenziwa. Ngokwakhela kulenqubekela-phambili esesiyizuzile, nasekufundeni kulemikhankaso esesiyenzile, iANC isisungule isu lokwenza ohulumeni basekhaya bakusebenzele kangcono.

Ngalelisu sizokwenza loku:

- **Sizolwenza lusheshe uhlelo lokuhlinzeka imisebenzi elusizo emphakathini** ukuqinisekisa ukuthi ngonyaka ka-2010, bonke abantu baseNingizimu Afrika bayawathola amanzi ahlanzekile nohlelo oluhloniphekile lokuhanjiswa kokungcola, nokuthi zonke izindlu zizoba nogesi ngonyaka ka-2012, nokuthi imisebenzi yamahhala elusizo yomphakathi itholwe yinoma ngubani,
- **Sizothuthukisa ukuhlinzekwa kwezindlu**, siqinisekise ukuthi kunezindlu ezisezingeni elingcono eziseduzane kwamathuba ezomnotho,
- **Sizothuthukisa imisebenzi kahulumeni** ezibhedlela nasemitholampilo, ezikoleni, eziteshini zamaphoyisa, nakwezinye izizinda zikahulumeni,
- **Sizosungula amathuba emisebenzi** ngokuqala imikhankaso emikhulu kuzo zonke izifundazwe,
- **Sizokwakha ingqala-sizinda ngohlelo lwemisebenzi kahulumeni** ukwenza isiqiniseko sokuthi sithuthukisa amakhono sandise amathuba emisebenzi,
- **Sizokulwa nobuphofu** ngokusungula izinhlelo eziyisipesheli ezindaweni zasemaphandleni nezasemadolobheni lapho kuhlala khona abantu abantula kakhulu,
- **Sizoxhasa ukuthuthukiswa kwamabhizinisi amancane** ngokuwasiza ngamakhono, amathuba okweboleka, nangezinye izidingo.

Ukwenza isiqiniseko sokuthi lelisu liyasebenza, uhulumeni we-ANC usubumbe amaqembu anobuchule obuphambili ukuze asebenzisane nalaboMasipala abakudinga kakhulu **ukuxhaswa** nokucathuliswa ngokucophelela.

Njengamanje kwenziwa ucwaningo mayelana namakhono adingwa yilowo nalowoMasipala, ukuze iANC ikwazi ukwelekelela **ngemali ethe xaxa nangabasebenzi abaqeqeshiwe** kuhulumeni wasekhaya.

Sizolithuthukisa izinga lokusebenza kanye nokuzibophezela kwamaKhansela **ngomthetho wokuziphatha**, okuzodingeka ukuthi onke amaKhansela endawo eANC afunge ukuthi azowuhlonipha. Umsebenzi wawo uzohlaziywa ngokuvamile, ukwenza isiqiniseko sokuthi ayahlangabezana nezibopho zawo.

Sonke sidinga impatho nomsebenzi ongcono ezikoleni zethu, emitholampilo yomphakathi nasemahhovisi kahulumeni. Sonke sidinga amathuba angcono okwenza ngcono izimpilo zemindeni yethu. Lowo nalowomphakathi ufanelwe uhlelo olungcono lokuhanjiswa kokungcola, imigwaqo emihle, izindawo ezihlanzekile kanye namalambu asemigwaqeni.

Sindawonye, uma sibambisana esivumelwaneni sabantu, lowo nalowo muntu phakathi kwethu angaphila impilo engcono ngaphansi kwelanga laseNingizimu Afrika.

Ngakho yeseka isu lokwenza uhulumeni wasekhaya akusebenzele kangcono.

Votela iANC okhethweni lohulumeni basekhaya, ngomhlaka 1 kuMarch 2006.

Votela i-ANC

1 MARCH 2006

ANC

Published by the African National Congress • 54 Sauer Street, Johannesburg 2001. Tel: 086 717 7077
Printed by Shereno Printers. 10 Atlas Road, Dunswart, Boksburg. Tel: (011) 894 4150